YOU AND YOUR RIGHTS

Isibonelelo Sokukhubazeka

Ungasifaka isicelo seSibonelelo Sokukhubazeka uma **uyidinga imali** futhi ube unokukhubazeka okukuvimbayo ukuthi uziphilise ngokwakho.

Kudingeka ube ngohola **imali engaphansi kuka-R6 150 ngenyanga** (umuntu emunye) noma**R12 300 ngenyanga** (kulabo abashadile). Impahla onayo kanye nanoma iyiphi indlu yesibili onayo nakho kuye kuhlolisiswe.

Kusukela ngomhla ka 1 April 2019 umkhawulo wenani lesibonelelo **ngu-R1 780 ngenyanga**. Kungenzeka uthole ethe ukuba phansi ngoba uma uhola kakhudlwana, siyehla nesibonelelo ositholayo.

Ungasifaka isicelo sesibonelelo emahhovisi akwa-SASSA aseduze nawe – awukhokhiswa lutho lapho ufaka isicelo.

Kumele ube yisakhamuzi saseNingizimu Afrika, ngumhlali kanomphela noma ube ngumbaleki oyisifiki ophakathi kweminyaka engu-18 no-59. Abanye abantu bakwamanye amazwe abavumelekile.

Ubophatha **ubufakazi bukadokotela bokukhubazeka kwakho** kanye namanye amadokhumente – anjengoMazisi wakho kanye nobufakazi besimo sakho somshado kanye nemali eyingeniso. Kepha uma ungenakho lokhu, USENGASIFAKA isicelo ngokusebenzisa ezinye izindlela zokuzazisa.

Uma ungeke wakwazi ukuya ngokwakho emahhovisi akwa-SASSA, abakwa-SASSA bazohlela ukukuvakashela ekhaya lakho ukuze ugcwalise incwadi yesicelo. Emuva kwalokho, usungacela umngani wakho noma ilungu lomndeni ukuthi likumele.

Abakwa-SASSA bazothatha isinqumo **sesikhathi** ozothola ngaso isibonelelo ngokubhekela ukuthi kuzothatha isikhathi esingakanani ukukhubazeka kwakho.

Ukukhubazeka unomphela kuyisikhathi esingaphezu kwezinyanga ezingu 12 – kanti ukukhubazeka **kwesikhashana** yisikhathi esisukela ezinyangeni ezingu 6 kuya kwezingu 12.

Uma isibonelelo sakho sivunyiwe faka isicelo sosizo lwesikhashana **ngokoSizo Lwezenhlalo Kwabantulayo (SRD)** ngenkathi usalindele ukufika kwemali yakho yokuqala. Imali yosizo lwezenhlalo kwabantulayo isiyodonswa emalini yesibonelelo sakho.

Uma uhlale uludinga usizo ekhaya, ungasifaka futhi isicelo **seSibonelelo Sosizo**.

Ngokuhambelana nokuthi wena wakhubazeka kanjani, usenokuhlomula futhi **esikhwameni sezingozi, i-RAF**, **isikhwama sabangasebenzi (UIF)** noma **esikhwameni sokulimala noma ukugula emsebenzini i-Compensation for Occupational Injuries and Diseases Fund (COIDF**).

Uma umndeni wakho untula, ungasifaka isicelo **sesimo sobubha** emaHhovisi Kamasipala wangakini, futhi lokhu kungakusiza ezindlekweni zamanzi, ugesi

BLACK**SASH**

MAKING HUMAN RIGHTS REAL

Wonke umuntu unelungelo lokuthola ukusizakala ngokwezenhlalo, okubalwe kukho nokusizwa okufanele kwezenhlalo, uma lowo muntu engeke akwazi ukuziphilisa yena nalabo abondlayo. Uhulumeni kufuneka athathe izinyathelo zomthetho ezifanele kanye nokunye, ngokwemithombo okufinyeleleka kuyo, ukuze ilungelo ngalinye kulawa lifezwe ngendlela eqhubekayo."
-Isigaba 27 soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika.

"Wonke umuntu unelungelo lokuphathwa yiminyango yombuso ngendlela esemthethweni, efanele, futhi enenqubo eqotho ... futhi wonke umuntu onamalungelo athinteke kabi ekuphathweni yiminyango yombuso unelungelo lokunikezwa izizathu zalokho, ezibhalwe phansi."
-Isigaba 33 soMthethosisekelo waseNingizimu Afrika.

UKUHLANGULA KWEZOMTHETHO: Yize kwenziwe yonke imizamo yokuqinisekisa ukuthi ulwazi olushicilelwe lapha luqonde ngqo, abe-Black Sash ngeke bathweswe cala ngenxa yokulahlekelwa noma ukonakalelwa okubangelwa ukwethembela noma ukusebenzisa lolu lwazi. Okuqukethwe lapha akusona iseluleko somthetho. Leli khasi lolwazi ligcine ukubuyekezwa **ngo-April 2019**.

Uma unanoma yimiphi imibuzo maqondana nezibonelelo, shayela abakwa-SASSA kule nombolo yosizo, mahhala:

0800 601 011

Thintana **nabe-Black Sash kule NOMBOLO YOSIZO** ukuze uthole ukwelekelelwa kwezomthetho nosizo, **MAHHALA**:

BLACK SASH HELPLINE

072-66 33 739

help@blacksash.org.za

YOU AND YOUR RIGHTS

Isibonelelo Sokukhubazeka

(Zulu – Disability Grant)

BLACKSASH

MAKING HUMAN RIGHTS REAL